Umlingisi uyazivikela ngokuthuka umlandeli

Ucasulwe wukuthi ufake i-video engamanga yokuthi ushonile

THANDI ZONDI

UMLINGISI owazakhela igama edlala kwiGenerations the Legacy, uVuyo Dabula (**osesithombeni**) uyazivikela ngokuchapha ngenhlamba esidlangaleni umlandeli 'ombulale ephila' enkundleni yezokuxhumana ngokubhala ukuthi usendele koyisemkhulu.

UDabula uthi ukuba uziphilela impilo yakhe yedwa nje emhlabeni, lapho ezihlalela yedwa esiqhingini, ubengeke abe nandaba nokwenzekile, kodwa okumcasula kakhulu wukuthi le nto ihlukumeze kanzima inqwaba yabantu abasondelene naye, abathuswe wukubona i-*video* eveza ukuthi akasekho emhlabeni.

Le *video* yenziwe ngowesifazane othile, wabe eseyifakwe kwiTikTok, maqede kwasuka isidumo. Babodwa abebekhalisana nomndeni kaDabula, abanye bebabaza 'ukufa kwakhe'.

UDabula uthe: "Inkinga wukuthi le *video* ihlukumeze kabi abanye abantu engizwana nabo, futhi abangithandayo nabangihloniphayo. Ngiyazi ukuthi lena yinkundla yomphakathi, nokuthi ngiyiciko. Lona (ofake i-*video*) akakugqizi qakala lokho (ukuthi nginabantu abangithandayo).

"Ngenxa yesenzo sakhe, (nami) kumele ngiyeke ubuntu, nayo yonke into eyenza ngibe ngumuntu.

"Phela nami ngingumuntu (ngiyabuzwela ubuhlungu)."

UDabula uqede ukusho la mazwi kwi-*video* abeyiqophile maqede waphinda wagaklaza ngenhlamba le ntokazi eqophe ukuthi useshonile, wayibiza ngaphansi kweziketi zikanina.

Uzivikele ngokuthi uthuka inhlamba ngoba nalona ofake le *video* 'embulalayo' akanendaba naye. Ngakho-ke uthi naye wehlela ezingeni lale ntokazi ngokwenza into elingana nokucabanga (kwalona wesifazane).

Uthe uyazi ukuthi ngokuhamba kwesikhathi uzozisola ukuthi bekungamele aqhulule inhlamba, wathi kumpholisile ukukhipha abekuzwa ngaphakathi ngendlela enze ngayo.

"Kawunendaba ukuthi ubalimaza kanjani abanye abantu ngenxa nje yokuthi ufuna imali nokuthandwa (ngokubukwa kakhulu kwe-*video* yakhe kwiTikTok). Kawunandaba ukuthi ubanyathela kanjani abanye abantu," kuphetha uVuyo kwi-*video* yakhe.

The University of Zululand officially opened its doors in 1960 and it has two campuses, namely the KwaDlangezwa Campus and the Richards Bay Campus.

First-year and undergraduate registrations for both campuses will be online and off-campus in 2022. This will take place from

Monday, 31 January – Friday, 04 January

For detailed information, please log in at **www.unizulu.ac.za** or like our Facebook page **University of Zululand** or visit the registration website **Home - Registration | University of Zululand | South Africa (unizulu.ac.za).**

- **FIRST-TIME STUDENTS FOR FACULTIES WILL BE REGISTERING FROM 31 JANUARY – 04 FEBRUARY**
- **RETURNING STUDENTS REGISTRATION FROM 07 – 11 FEBRUARY**

KWADLANGEZWA & RICHARDS BAY CAMPUS – ONLINE AND OFF-CAMPUS

ORDER OF REGISTRATION	DATE
Faculty of Arts	31 January – 04 February
Faculty of Education	31 January – 04 February
Faculty of Commerce, Administration & Law	31 January – 04 February
Faculty of Science, Agriculture & Engineering	31 January – 04 February

RETURNING STUDENTS ALL FACULTIES : 07 – 11 February 2022 – ONLINE AND OFF-CAMPUS

ORDER OF REGISTRATION	DATE
Faculty of Arts	07 – 11 February
Faculty of Education	07 – 11 February
Faculty of Commerce, Administration & Law	07 – 11 February
Faculty of Science, Agriculture & Engineering	07 – 11 February

UNIVERSITY OF ZULULAND

- University First-year Orientation : **07 – 11 February 2022**
- Lectures start on Monday, 14 February
- Registration documents: Matric results, ID copy, proof of postal & residential address, international students needs study permit
- Documents should be uploaded online via the university's iEnabler system. To access the system, kindly click on the following link: https://jasper.unizulu.ac.za/pls/prodi41/w99pkg.mi_main_menu

For enquiries, kindly contact the Call Centre on 035 902 6030

The university's bank account details are:
Account Name: University of Zululand
Bank: Absa Bank
Branch Code: 334130
Account Number: 1880000051

BE FRAUD ALERT

ZR2146602-22©P